


UBUFAKAZI

 Mfowethu Don, ngiyabonga. Lolu kuthi ukuba ngukuzuma okungazelelwe. [Othile uthi, “Okuhle.”—Umhl.] Awu, yi... [“Amen.”] Ngiyabonga, noma ngubani osho lokho. [“Ngikushilo.”] Ngiyabonga, kakhulu.

² Bengiwajabulela lawo maculo. He, ngiyathanda ukuzwa lokho! Uyazi, ngiyakuthanda ukucula okuhle, futhi ngizwa okuningi kakhulu kwakho uma ngehlela lapha. Imvamisa angi... Uma ngehla, nginezinkonzo zokuphulukisa noma okuthile, ngifanele ngithi ukuhlala ngedwa, ngedwa, bese kuthi-ke abafana bathole lamateyipu. Bese kuthi-ke lapho ngifika ekhaya, noma ngibe nomsebenzi othile engifanele ngiwenze ehhovisi, bese-ke ngihlala phansi futhi ngilalele lawomateyipu, ngiyaphindaphinda. Futhi ngizwa konke okushiwo.

³ Futhi ngiyajabula ukubona uMfowethu Gerholtzer lapha kulokhukusa, umngani omdala weVangeli; weminyaka eminingi edlule wayephandle emsebenzini ofanayo, ukukhulekela abagulayo, mhlawumbe iminyaka ngaphambi kokuba ngize ngazi ngokukhulekela abagulayo. Futhi ngakho-ke, namanye amadoda lapha, abangane abaqondene nami. Ngibona ibandla elikhulu lapha izolo ebusuku elivela etabernakele enhla eJeffersonville. Futhi ngakho-ke sijabule kakhulu.

⁴ Futhi ngihlangane noMfowethu Young Brown. Ngathi, “UMfowethu Jack uthi igama lakhe bekungu ‘Young,’ futhi liyamfanela.” Lapho engitshela ukuthi wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nokuthile ubudala, angikukholwanga neze. Akakashintshi nakancane kusukela okokuqala lapha eShreveport. Kunjalo, ubukeka efana nje.

⁵ Awu, uNkulunkulu muhle kithi. Futhi ngi—ngiyawathanda lawo, indlela lawo maculo kulokhukusa, ngo—ngokujula kwalo; okuthile okungokoqobo, okuthile o—o—okusho okuthile. Ungakuphuza. A—angikwazi neze ukuzibamba ukungakhali ngidazuluke, lapho ngizwe becula leloculo, mayelana nokuthile ngeHubo 23 lapho. Bese kuthi-ke—kuthi-ke kuza, naleliculo elithandekayo abasanda ukulicula, osicula ngabathathu lapho. Ukucabanga nje . . .

⁶ Kukhona okuthile kulo, okuzwa kwingaphakathi lakho, amadlingozi akho egqumisa okomthambo, wazi ukuthi uMbuso kaNkulunkulu ususondele. Zonke lezi zinto esikhulume ngazo futhi sazibuza ngazo, manje sezilungiselela ukwenzeka. Abanye bethu kungenzeka behlelwe ubuthongo ngaphambi kokuba kufike lesi sikhathi, kodwa lokho ngeke kuvimbele uvuko lwethu, ngoba, kunika i—ithuba lokuza ngaphambi kokuba labo baguqulwe.

⁷ “Icilongo likaNkulunkulu liyakukhala; nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala; thina-ke esisekhona sisaphila.” Ngabe nikuqaphelile ukuhleleka kovuko na? “Bayakuhlwithwa kanye nabo.” Siyahlangana omunye nomunye ngaphambi kokuba sihlangane naYe. “Sihlwithwe ndawonye ukuhlangana kanye nabo . . . kanye nabo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.”

⁸ Niyabo, UnguNkulunkulu, bese kuthi-ke uma Efuna ukukhonzwa, yilokho kanye imvelo yaKhe eyikho, ngukukhonzwa, ngoba UnguNkulunkulu. Futhi Uyazi ukuba besikhona, uzobheka ekhoni leso lakho, ubone uma elinye likhona, kodwa, bese kuthi-ke bekungeke kwaba indlela ephelele yokukhonza okukhululekile. Uma sima lapho, futhi—futhi siyazi ukuthi sesike sahlangu omunye nomunye kuqala, futhi sabingelelana omunye nomunye, bese-ke kuba ukuma ngakuYe Owabangela konke, futhi sicule amaculo okuhlengwa! Njengoba uMfowethu Jack enze isitatimende izikhathi eziningi, “Lapho iziNgelosi ziyozungeza umhlaba, namakhanda ekhotheme, zingazi ukuthi sikhuluma ngani.” Niyabo, ngoba azikaze zihlengwe. Kodwa sasimele sihlengwe, nokuthi siyoMqhelisa kanjani uMbusi wababusi neNkosi yamakhosi.

⁹ Angazi ukuthi ngithini. Angizange ngicabange ngokusho noma yini; ngivele ngenyukela lapha nje. Ngicabanga ukuthi yisikhathi sobufakazi, ukunikeza ubufakazi nje. Futhi ngakho-ke, kulobubusuku, iNkosi ithanda, ngicabanga ukuthi . . . Ngike ngabuka uhlu oluncane, futhi ngi . . . okwezi—okwezinkonzo, futhi ngicabanga ukuthi ngizoletsa umlayezo wami kulobubusuku, ngePhasika noma, uxolo, umyalezo woKubonga kulobubusuku. Bese kuthi-ke sifuna ukuthatha khona-ke, mhlasi lonke iviki, uma iNkosi ithanda, ekukhulekeleni abagulayo. Sifuna ukuthi nibuthane, ngemva kwalelijubili elincane loKubonga, eliyisikhumbuzo somhlangano omkhulu owabanjwa lapha ngesinye isikhathi eShreveport, embalwa . . . cishe eminyakeni emithathu eyedule, ngenkathi naninalesisambulo sokungena. Futhi iNkosi yabusisa ngamandla kakhulu lapha kulowo mhlango! Futhi ngi—ngiyathemba ukuthi iNkosi izoqhubeka, futhi kwangathi kungaba nemiphefumulo esindiswayo lapha kuze kube igama lokugcina seliseNcwadini esiteshini esikhulu sikaNkulunkulu sokuqopha kweliPhezulu, labo abamukele uKristu njengoMsindisi, begcwaliswe ngoMoya waKhe.

¹⁰ Manje asikhothamise nje amakhanda ethu isikhashana. Ngicabanga umBhalo lapha.

¹¹ Nkosi Jesu, singabantu ababonga kakhulu kulokhukusa, kodwa nokho sikhawulekile ngokuzwakalisa. Uma izinhliziyo zethu zinganikeza lokho e—lokho esifuna ukukwenza, asazi ukuthi besiyoziphatha kanjani. Futhi lapho, akumangalisi, Wathi, “Ngeke kwaba khona indawo eyanele ukumumatha

isibusiso uNkulunkulu ayosithululela phezu kwethu.” Futhi siyabonga ngalokhu. Futhi siyakhuleka nje, Nkosi, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ekuhlonipheni Wena, ukuthi Uzokwamukela ukubonga kwethu. Kunezinto eziningi okufanele sibonge ngazo, futhi asikwazanga ukuzizwakalisa, kodwa sivele sithi nje, “Makabongwe uNkulunkulu!”

¹² Futhi ngaphezu kwakho konke esibonga ngakho, yilesi Siphosikhulu sikaNkulunkulu ezweni, lapho uNkulunkulu anikela khona ngeNdodana yaKhe, ukwenza indlela yokuhlangwa kwethu. Sibonga kakhulu ngaLokho! Futhi siyakwamukela Lokho, futhi sikwenzile selokhu... Nkosi, ngiyakhumbula, kusukela ngisengumfanyana, yiLokho ebengikuphilele. Futhi manje njengoba sengiguga, ngiyazi ukuthi ilanga lizoshona nje, hhayi izikhathi eziningi futhi, kuze kuba ngiyabizwa, futhi, lokho engikuphilele, ngizohamba ngiyokuthokozela. Ngiyakwazi, Nkosi, ukuthi kunezakhamuzi eziningi zoMbuso ofanayo, ezilinde ngokufanayo, kulokhukusa, ukuba lesi sikhathi sifike. Ngokuba, lokho esithathe umhlobo ngakho, ukukhonza Yena nokuzama ukuqondisa umhlobo wethu ekuPhileni okuPhakade, lelohora elikhulu lisondela maduzane. Singakuzwa ngandlela thize phansi kithi, ukuthi ku—kuseduzane kunokuba mhlawumbe sikwazi ukucabanga.

¹³ Futhi sikhulekela ukuthi Uzosibusisa manje, futhi uqhubeke nezibusiso zaKho Obukade usipha zona kulokhukusa. Futhi manje njengoba sifunda ingxenye yeZwi laKho, noma ivesi noma amabili, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu uzothatha lamavesi, nobufakazi, ekuhlonipheni Yena. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

¹⁴ Ngicabange ngendawo lapha, ngikholwa ukuthi itholakala kwa—kwabaseKorinte, kwabaseKorinte besiBili 9, ivesi 14, nele 15.

...ngokunikhulekela, ngenxa yo...umusa omkhulu kakhulu kaNkulunkulu okini.

Makabongwe uNkulunkulu ngenxa yesipho sakhe esingakhulumekiyo.

¹⁵ UPawulu, lapha ekhuluma ngomusa kaNkulunkulu okini, iSiphosikhulu esingakhulumekiyo, sikaMoya oNgcwele, esihlala phakathi kwabantu. Wayebonga uNkulunkulu ngalokho lokho ababenakho, uMoya oNgcwele wawufike phezu kwalaba bantu, iSiphosikhulu sikaNkulunkulu esingakhulumekiyo, sicebile futhi simsulwa kakhulu.

¹⁶ Manje, a—anginalutho emqondweni wami, impela, ngakho—ke ngicabange ukuthi ngizothi ukunikeza ubufakazi obuncane besipiliyoni sami noKristu izinsuku ezimbalwa ezedlule. Bekukhazimula kakhulu!

¹⁷ Yonke impilo yami, enazi ngayo. Ningizwile, abanengi benu. Futhi ngicabange ukuthi ngizokusho lokhu ukwenzela

abanye abantu betabernakele ohlezi lapha. E...Inhlangano yebandla lami etabernakele yakhiwe isuka cishe ezizweni ezintathu, okwasekuseni, lapho sikhuluma; iMexico, iCanada, i-United States. Eduze impela zonke...Lapha ngolunye usuku kwakunezifunda ezingamashumi amabili nesishiyagalombili ezahlukahlukene, ngenkonzo eyodwa kaSonto sikole, niyabo, izifundazwe ezingamashumi amabili nesishiyagalombili ezahlukahlukene zimelelwe. Ngifuna ukusho lokhu kuye odumweni lukaNkulunkulu. Ekuhambeni, ngicabanga ukuthi...Ngomkhuleko nokunxusa, ngokuba ngumlahlwa njengoba sasinjalo, senqatshwa yizwe lebandla, elibizwa kanjalo namuhla, lelo tabernakele likhule laba yikomkhulu elinamandla kunawo wonke lomusa kaNkulunkulu, lanoma iyiphi indawo engiyaziyo ezweni. Angikaze ngibone okunjalo, kweNkosi ikwenza lapho. Kungukuthi nje kungokungakhulumekiyo, kanjani, lokho Akwenzayo lapho, ekuzithobeni nje, abantu nje bengena bevela ndawo zonke. Futhi siyabonga ngaleso siteshi esincane, salapho abanye abantu ezweni jikelele bebuthana khona phakathi ukuthokozela umusa, futhi—futhi bafafaze umusa kwabanye.

¹⁸ Manje, impilo yami yonke, kubonakale sengathi bengifuna ukuya eNtshonalanga. Futhi abanengi benu uzifundile izindaba futhi uzwa amateyipu.

¹⁹ Inkonzo yamateyipu iyinto yomhlaba wonke, yonke indawo. Ngicabanga ukuthi yindlela eyodwa uNkulunkulu anayo ukusakaza ngayo uMlayezo ubuye ungene emazweni abahedeni, ubuye ungene lapho ufanele uhunyushwe khona. Futhi eJalimane, njalonjalo, banamateyipu aya emabandleni abo, amakhulukhulu namakhulukhulu abantu; futhi bafake izinto ezincane ezindlebeni zabo, futhi bakudlale eteyipini. Futhi njengoba ngikhuluma nje, umfundisi umi lapho enza ukuzwakalisa okufanayo, futhi ngezinye izilwimi, futhi ekusho phambi kwamakhulukhulu. Futhi amakhulukhulu ayasindiswa futhi aphulukiswe, ngamateyipu nje aphumela ezweni lonke. Onke ngesiNgesi, kodwa ahunyushwe ngeziningi, izilwimi eziningi ezahlukahlukene ezizwaneni emhlabeni wonke. Siyezwa ngabo, emuva ngeposi.

²⁰ Futhi manje ngisho lokhu, kuzoba ubufakazi obuqondene nami enkazimulweni kaNkulunkulu, ukuthi kungenzeka ukuthi uzoqonda ebusukwini obuzayo, ngalokho engifuna ukukusho, uma iNkosi ithanda. Uzoqonda. Njengoba bengizama ukusho izolo ebusuku, izwe lifika endaweni lapho lihlakazeka khona, ngokwezepolitiki, ngokwezenhlalo, ngokwezomnotho.

Wena uthi, “Ezomnotho na? Imali eningi!”

²¹ Yebo, kodwa kuvelaphi na? Sibolekwa ezinteleni ezizokhokhwa eminyakeni engamashumi amane kusukela namhlanje. Asinamali. Asinamali ebhange, isizwe; hhayi lesi

sizwe, kodwa zonke. Futhi akukho ndlela neze yokuyibuyisa. Futhi kuyisicupho esibekwe ngqo ukujikisa lesi sizwe singene entweni ethile. Futhi nonke nihlakaniphile kulokho. Awu, ubani onengcebo yomhlaba na? Ngubani oyiphethe na? [Omunye uthi, “IRoma.”—Umhl.] Impela, linayo. IRoma liyiphethe. Futhi noma nini lapho senza, lapho siphelwa yimali, esikhundleni salaba bathengisi abakhulu, ugwayi, ugologo, nokunye nokunye, njenge. . . Ufanele uthole imali; lokho esizofanele sikwenze, kuphakathi kokuthi sishintsha uhlobo lwemali noma siboleke imali. Futhi, lapho benza, yilungelo lobuzibulo lithengiswa emuva ngqo, impela, ngokuphelele nje, futhi lokho nje umBhalo okushoyo ngakho.

²² Ngingathanda ukuthola indawo ngesinye isikhathi, iNkosi ithanda, lapho kuza itende enkundleni. Futhi ngikholwa ukuthi kuseduze manje, maduze nje ngiya emhlabeni jikelele. Nginemihlangano yomhlaba jikelele ezayo manje. Futhi ngingathanda ukuthola indawo lapho engingahlala khona cishe amaviki ayisithupha, futhi ngithathe nje lezo zinto futhi ngidlule kuzo, niyabo, emuva naphambili, emiBhalweni.

²³ Futhi kuyashaqisa ukubona ihora esiphila kulo! Kuyangethusa. Kuyangethusa, hhayi ngoba. . . Enhliziyweni yami, izinsimbi zenjabulo ziyakhala, ngazi ukuthi ukuFika kweNkosi kusondele kakhulu. Kodwa, okungithusayo, ngukwazi ukuthi abaningi kakhulu akalilungele ihora esibhekene nalo. Leyo ngxenye embi.

²⁴ Bangaki abake bezwa indaba ngezingwejeje enhla lapho ngaleso sikhathi na? Abaningi, o, kusobala, ngiyaqagela, yonke indawo. Into ethile encane efana naleyo kwenzeka ngolunye usuku. Futhi ngang. . . Niyizwile indaba ngezintaba, ngehla, lapho iNkosi yaloba khona lezo zinto ezintabeni ngolunye usuku. He, impilo yami. . .

²⁵ Angisiye umshumayeli. Noma ngubani uyakwazi lokho. Angisiye umshumayeli. Kodwa kwenziwe nge—esimweni sikamoya, ko—kokubhekisisa izinto nokubona izinto zihamba, futhi kuxwayise abantu ngezinto ezizokwenzeka. Futhi nje ku. . . Yileyo ndlela engakheke ngayo. Angikwazi ukukuvimba lokho, kungengaphezu kokuba ungavimba ukwakheka kwakho. Kodwa uNkulunkulu usibekile, yilowo nalowo, eMzimbeni, ukuba senze izinto ezithile. Futhi ngibhekisisa yonke iminyakazo emincane, yonke impokophelo, yonke injongo, ngoba yonke into ibuswa ngu. . . ibuswa ngumoya.

²⁶ Lelibandla labekwa lapha ngenhloso. Kukhona umoya ngemva kwalelibandla. Impela. Umoya ngemva kwekhaya lakho, ngemva kwaso sonke isakhiwo. Ngemva kwakho konke kukhona umoya, injongo, nempokophelo. Lelibandla liza lapha ukuzophakamisa kakhulu inqubo ethile yomuntu noma okuthile, khona-ke injongo zalo azilungile; kodwa uma ibekwe

lapha ukuzama ukufeza okuthile koMbuso kaNkulunkulu, khona-ke injongo nempokophelo, kokubili, kulungile, uma izinjongo ziqondiswe ngaleyondlela.

²⁷ Manje, bengicabanga, kusukela inkonzo, futhi isigaba senkonzo sokuqala, esesibili, nesesithathu. Ngenkathi ngiqala ukufika eShreveport, nganitshela bantu ukuthi iNkosi... uyobeka izandla zakho phezulu, njengaphezu kwesandla sami, futhi kuyoveza okufanayo. Futhi uMoya oNgcwele awukaze wehluleke nakanye, kodwa lokho okukutshele ncamashi okwakungalungile ngawe. Nganitshela khona-ke, lokho. Wangitshela ngalolosuku, ukuthi, "Kuyoba nesikhathi ukuthi lapho wazi yona kanye imfihlo yenhliziyoyi," ngingazi ukuthi iZwi lithi lokho kuzoba njalo. Ngangingakwazi lokho. Kodwa iZwi liyakusho lokho, "IZwi likaNkulunkulu laHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyoyi," amaHeberu, isahluko 4.

²⁸ Manje, leloZwi, niyabo, awufanele neze ushiye leloZwi. Ufanele uhlale ncamashi naleloZwi, indlela eLilotshwe ngayo. Ungabeki ukuhumusha okungokwakho kuLo. Lisho nje ngendlela nje eLilotshwe ngayo. Lelo yiZwi likaNkulunkulu, futhi lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu neZwi lakhe kuyafana, ngokufanayo nje.

²⁹ Futhi njengoba ngishilo izolo ebusuku, kukhona ingxenye yeZwi ebekelwe yonke iminyaka. Futhi kukhona ugcobo oluthile olwehlayo, lokho kuqondisa leyo ngxenye yeZwi lalowonyaka. Futhi niyabona lapho sikhona namhlanje. Funda lokho esifanele ngabe siyakwenza, khona-ke uzokwazi ukuthi sikude kangakanani. Ngibona kuphela into eyodwa esele, ukuFika kweNkosi uJesu, nganoma yisiphi isikhathi, uHlwitho lweBandla, futhi sizohlangana naYe emoyeni. Manje lezi zinto kufanele zifezeke kulolusuku, njengoba nje Athembisa ukuthi Uyokwenza.

³⁰ Futhi manje cishe iminyaka emihlanu edlule, emva kokuba lokho sekusisebenzile isikhathi sakho. Ngasinye salezo zigaba sesisebenzise isikhathi saso. Futhi Unikeza imibono, nabaningi benu nina balaleli beteyipu, kanjalonjalo, niyazi ukuthi kwakuza esinye isigaba futhi, futhi Wadweba lokho kalula ngokuphelele kakhulu. Kukhona indoda ehlezi lapha khona manje, engiyibhekile, yayilapho ngqo futhi yakubona kwenzeka ngokuphelele njengoba ngake ngakubona empilweni yami. Futhi kwaze kwathathwa izithombe zaKho, kwalokho iNkosi uNkulunkulu eyathi kuyokwenzeka. Futhi saya khona ngqo lapho, futhi nakho la kwaKukhona, ncamashi nje njengoba Asho. Cishe nje. . .

³¹ NjengoMashi 17, ukukhiswa kwephephabhuku likaMashi le*Life*, niyibonile leyondingilizi yokuKhanya ezibhakabhakeni, amakilomitha angamashumi amane nesishiyagalombili ukuphakama, amakhilomitha angamashumi amane nane

ukuvundla. Ngani, umswakama cishe ungamakhilomitha ayishumi nanhlanu kuphela ukuphakama, futhi abakwazi ngisho nokubala ukuthi kwakungakanani.

³² Futhi khona ngqo kumi ngaphansi kwalokho, indoda ehlezi ikhona ngqo manje, yayimi ngqo lapho ngakimi, lapho iziNgelosi eziyisikhombisa zehla zivela kuNkulunkulu, zibonakala zimi khona lapho, futhi zangitshela ngesikhathi sokuphela, nalezi zambulo nezinto zeNcwadi yeSambulo, iziMpawu eziyisiKhombisa, futhi zathi, “Buyela ekhaya, futhi ngayinye izoletha uMlayezo.” Lokho, kunjalo. Futhi Kwakhuphuka ngqo, futhi kwaqala ukuphenduka kwaba Mhlophe lapho Kukhuphuka, kuqhubeka kukhuphuka; futhi ukuqhuma okwamazamisa izintaba, kwaze kwaba amadwala, angusayizi we—we—ibhakede, awa aphuma ezintabeni, kunjalo.

³³ Futhi akukho lutho olwalungalapho. Ngisho nephephandaba lathi bahlola ukubona ukuthi ngabe kwakukhona isivimbeli msindo yini, noma ibhanoyi, noma okuthile. Lapho kwakungekho lutho, kungekho mabhanoyi phezulu, noma lutho. Ngaphandle kwalokho, isivimbeli sebhanoyi sasingekwenze lokho.

³⁴ Bese kuthi-ke kwabikezelwa ukuthi kuyoba ngaleyondlela, izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kwenzeke, izinyanga eziyisithupha. Futhi nakho la Kwakukhona. Futhi isayense ikucwaninga namuhla, khona lapho eTucson nezindawo ezahlukahlukene, abaqondi ukuthi kwakuyini lokho phezulu lapho. Khona-ke uma uzothola iphephabhuku bese ubheka, ungakubona ngisho nokwakheka kwamaphiko Azo asekhona lapho njengoba Zikhuphuka, iziNgelosi eziyisikhombisa. Futhi siyazi ukuthi lezi zinto ziqinisile, bangane. O, uma kwake kwaba nesikhathi lapho ibandla belifanele libe sebuqothweni obujulile, kufanele kube khona manje. Manje!

³⁵ Kodwa nje, Kwenze okuthile kimi, kimi uqobo. Iminyaka emihlanu manje, ngike ngazibuza ukuthi kwakuyini engalungile. Ngazizwela enhliziyweni yami njengokungathi ngangi—ngangixifizelwe wonke phansi ngokuthile, futhi a—angikwazanga ukuhlanganisa ukuthi kwakuyini. Ngesikhathi salokhu kugxifizwa okukhulu, nokunye nokunye, ngavele nganamekwa nxazonke, ezweni lonke.

³⁶ Futhi uhulumeni wayenami ngaphansi kophenyo ngoba, lapho sasinemihlangano, othile wabhala isheke “William Branham” futhi ngangivele ngilisayine bese ngilibuyisela. Bese kuthi-ke sathola iphakethe layo yonke—yonke imihlangano yethu, futhi ngenkathi bebhekisisa lapho futhi bathola ukuthi langena ukukhokhela umkhankaso. Nokho, njengoba ngasayina igama lami kulo, ngabandakanya isheke kanye nami uqobo, futhi babanami ngi “kwelete uhulumeni amadola ayizinkulungwane

ezingamakhulu amathathu.” Futhi babengangivumeli ukuba ngihambe, futhi ngangifanele ngihlale lapha, nokunye nokunye, okwesikhathi esikhulu sokuhlolisisa konke lokhu. Futhi—futhi angi, konke kwahamba... Bathi, “Yebo, lingene emkhankasweni, kodwa abantu benzele wena isheke. Futhi, lapho ulisayinda, wazibandakanya kanye nesheke, futhi ukweleta izintela kulo. Uma uke walibamba umzuzwana esandleni sakho, lisengelakho ngoba ulisayinile.”

³⁷ Ngangingakwazi. Angiyazi yonke imininingwane yalemithetho nezinto. Ngangimele ngibe nesigxivizo ukuligxiviza, esikhundleni sokulisayinda. Lapho sengilisayindle, kusho ukuthi ngelami. Bese kuthi-ke basika ngqo ephaketheni bese bethola, lapho, labekwa ngqo esikhwameni futhi lasetshenziswa kanjalo. Ngithola iholo ebandleni lami, lamadola ayikhulu ngeviki. Lapho kuhlala abaphatheli, behlezi khona lapho, owaziyo ukuthi lokho kunjalo. Futhi yilokho kuphela engikuthola kulokho. Futhi, ngaphandle kwalokho, lingena ngqo emkhankasweni.

³⁸ Manje, ngazizwa sengathi ngigxifiziwe, eminyakeni emine noma emihlanu edlule. Awu, ngakhuphuka ngangena eCanada, kamuva nje, ohambweni oluncane lokuyozingela. Futhi lapho sengenzile, iNkosi yangisiza phezulu lapho ukuholela sonke isizwe samaNdiya eNkosini uJesus. Futhi ngifanele ngibuyele lapho i—lapho i—imifudlana isincibikala, phezulu lapho, nezinto, ukubhaphathiza sonke isizwana, eGameni leNkosi uJesus; ngoba ukuphulukiswa kowesifazane waseNdiya ebulawa ukuhlaselwa yinhliziyo, ukuthi umpristi wayengeke eze kukho, emuva le emahlathini lapho engangidingeka ngigibele khona amahora, emhlane wehhashi. Kunalabo abahlezi lapha manje, owayekhona ngenkathi kwenzeka.

³⁹ Futhi manje, khona-ke, ngehla, ngadingeka ngime eColorado, ukuze ngivakashele abanye babangane bami lapho, abefundisi abathile. Ngingu—ngingumholi eColorado, futhi ngangibayisa ohambweni lokuzingela. Amabili noma amathathu alawo madoda, amathathu noma amane, amahlanu awo ahlezi akhona khona manje ukuba azi lokhu. Futhi bekomile kabi kabi eColorado kulonyaka, njengoba bekunjalo ezweni lonke. Futhi imililo ibikakhulu. . . izoba mibi kakhulu, ngakho-ke balibazise inkathi yokuzingela okwesikhashana.

⁴⁰ Kodwa ngenkathi sisephezulu lapho, nakho kuvela ukukhishwa kodaba ukuthi—ukuthi kwakuza isichotho. Futhi kuyingozi ukuba sezintabeni ngaleso sikhathi, ngoba ngezinye izikhathi ngike ngabona ukuthi ubungekwazi ngisho ukubona isandla sakho phambi kwakho, amahora ngamahora, neqhwa eliyifidi elingamashumi amathathu elikhithikayo ngesikhathi esisodwa, emahoreni ambalwa nje, phezu kwakho ngqo. Uyabhubha. Ngakho-ke ngatshela

abazalwane bami, ngalokhokusa esasiphuma ngakho, ngathi, “Manje isichotho . . .”

⁴¹ Ngokuphathekayo ikhulu lendoda, noma ngaphezulu, lase libuyile ngemuva kwethu. Futhi nakhu kuza amajiphu, amathrakhi, nakho konke kuqhubeka kuphuma, ngoba babazi okwakuzokwenzeka. Akekho owasala ngemuva, ngaphandle komelusi wezinkomo qobo lwakhe emuva lapho, okungukuthi, uchitha ubusika bakhe emuva lapho.

⁴² Futhi kwakuyithi kuphela esithi asibe babili, lona kuphela ithrakhi, okwahlala ngaphakathi. Futhi ngabuza abazwalwane. Bathi, “Sizohlala.” Ngakho-ke, “Kulungile,” ngathi, “manje lungelani.” Futhi saphuma futhi sathola . . . umfundisi weMethodisti nami sahamba sathola esinye isinkwa nezinto, ukuze sikwazi ukukuthola; kwakungamakhilomitha angamashumi amane nesishiyagalombili ngaphakathi nasemuva. Ngakho-ke siyabuya, uMfowethu John kanye nabo behlezi lapha, bezwa lokho base behamba; baphuma ngesikhathi, ngakho-ke isichotho sagasela. Kodwa sasizohlala khona, futhi ngangiya eTucson mayelana nomhlangano, futhi ngabiza umkami futhi ngamtshela ukuthi siyo . . . uma ngingafiki lapho, ukuvumela omunye umuntu angene esikhundleni sami.

⁴³ Futhi ngokusa okulandelayo saqala ukuphuma. Ngathi, “Manje, okokuqala,” kwakunamafu ngempela, “uzwa imvula ina, noma yini enye, sabuyela kulelokamu ngokushesha ngangongakwenza, ngoba kungakapheli imizuzu eyishumi, eyishumi nanhlanu, ngeke uphinde uyibone indlela yakho ebuyela emuva.” Futhi ngakho-ke ngakhipha amadoda ngaphandle, futhi sakhuphukela phezulu kwesiqongo sobombo, sihamba sikhuphuka, sizama ukuxosha inyamazane idiye ezansi kubo.

⁴⁴ Futhi ngangi, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, ngidubula isibhamu sami esikhulu e, ezansi eTucson; ngibuya ngenyukela lapho, ngikuphonsela ngaphandle kancanyana ngakwesokudla. Ngadubula inyamazane enkulu engangikade ngiyifuna iminyaka eminingi, futhi sayishaya phezulu kakhulu, futhi yayifele ezansi lapho futhi angikwazanga ukuyithola, isimo sezulu sasiba sibi.

⁴⁵ Ngacabanga, “Ngizogijimela phezulu futhi ngibheke.” Futhi lapho sengikhuphukele phezu kwentaba, ngaqaphela imvula isiqalile, kuwa ukukhithika, namaconsi amakhulu eqhwa, usayizi wedola lesiliva, enamathela nje yonke indawo, futhi kuvunguza imimoya. Ngangazi ukuthi wonke umuntu wayebaleka, ebuyela emuva ekamu khona-ke. Awu, ngalinda imizuzwana embalwa, futhi ngacabanga, “Angisoze ngakwazi ukuthola lenyamazane idiye ngalesi sikhathi, ngaphansi kwalesi siphepho.”

⁴⁶ Ngakho-ke saqhubeka, saqala ukwehla intaba, ngangingabona nje amamitha amathathu phambi kwami. Futhi cishe...ngangingamakhilomitha ayisithupha noma ngaphezulu, ukungena endaweni. Ngazi, ngehla intaba, ngilazi kahle kakhulu izwe, ngoba ngiluse izinkomo lapho iminyaka neminyaka. Ngehla intaba, ngathola cishe uhhafu wemayela esihlalweni sehhashi, okwalapho nginqamula *kanje*, ukunqamula ebangeni lalapho engangikhona. Futhi kwakukhona...

⁴⁷ Ngangikade ngizwa lowo mthwalo osabekayo. “Ngikhalile. Ngikhulekile. Ngivumile. Yini engingayenza na? Yini engiyenzile na?” Njengokuthi wenze okuthile okubi ngempela; njengokuthi ulimaze othile, futhi uyazi ukuthi ubufanele ukulungise. Yini engalahlelwa yona na? Ngangingazi. Ngathi, “Nkosi, uma nje kuphela Uzongembulela khona, ngizokulungisa. Kodwa ngenzeni ngaphandle kokuma futhi ngishumaye, futhi ngenze konke lokho ebengikwazi ukukwenza na? Futhi ngizamile ukuphila ngokuhlazekile, ngimsulwa, futhi nje ngokweZwi laKho. Kodwa ngiye ngenzani na?” Futhi namanje lowo mthwalo wawungeke wehle, unyaka emva konyaka. Ngacabanga ngakho entabeni, ngalokhokusa, futhi ngaqala ngehla.

⁴⁸ Kuthangi bekuwumgubho wosuku lwami lokushada, futhi, mina nomkami sashada iminyaka engamashumi amabili ngaphambi kwalokho. Futhi angikaze ngibe sekhaya ngosuku lwethu lokugubha omunye unyaka sishadile. Futhi ngihlala ngikhuphukela entabeni, indawo encane lapho kukhona imfezi eqhaq hazelayo. Unyaka wokuqala sishadile, ngangingenayo imali eyanele yokuthatha iholidi lezithandani emva komshado, okohambo oluncane, bese kuthi-ke ngithatha uhambo lokuzingela futhi, ngakho-ke ngathatha umkami ohambweni lokuzingela ukwenza iholidi lezithandani emva komshado. Ngakho-ke lokho kwakubukeka sengathi, ukuthi ukulithola, ngakuthola kokubili ngasikhathi sinye.

⁴⁹ Futhi ngiyakhumbula, umfo omncane, ngi—ngangimthatha ngimphakamise phezu kwezingodo, nezinto. Futhi sakhuphukela endaweni encane, sase sithatha isithombe sakhe, futhi kuthi uku—kuthi ukufaneleka njalo. Ngicabanga ngalokho, futhi ngicabange ngezinwele zakhe ezimnyama nokuthi wayemuhle kanjani; futhi manje umpunga futhi iminyaka embalwa nje ikwenzile kuye.

⁵⁰ Ngacabanga, “Ngikholwa ukuthi ngizokhuphukela lapho, kodwa ku—kuzima kakhulu.” Iqhwa lalinzima kakhulu ngaleso sikhathi.

⁵¹ Ngangazi ukuthi ngadingeka ukuba ngingene, ngoba babekusakazile, “Isichotho esinzima emgwaqeni!” Babekusakazile ezweni lonke. Angazi noma uTom Simpson uhleli lapha kulokhukusa, noma qha. Ehla evela eCanada,

watshelwa ngumsakazo, ukuthi angadluli ngisho kulelozwe nhlobo. Wonke umuntu wathi, “Ungadluli lapho. Hamba ngenye indlela, ngoba isichotho esibi kabi sishanela ngaphesheya.”

⁵² Futhi ngaqala ukwehla ngentaba, ngicabanga ngalokho, futhi cishe ngehora leshumi ekuseni. Futhi khona manjalo, ngokucacile nje njengoba uzwa iphimbo lami, iPhimbo lathi, “Yima, bese ujika futhi ubuyele emuva.”

⁵³ Manje angikwazanga ukusho lokhu phakathi kwabantu ongakholwayo. Ufanele ukusho kumakholwa kuphela, bese kuthi-ke, ngoba lokhu, abangakholwayo abasoze bakuqonda. Ufanele ube nomqondo wokomoya ukuze uqonde izinto zokomoya. IZwi lingokomoya. Lihunyushwa ngokomoya. Futhi Liyi—LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi ngama, futhi ngacabanga, “Uma ngibuyela emuva phezulu lapho, enye ingxenye yemayela emuva, isichotho sidlanga njengoba sinjalo. . .”

⁵⁴ Futhi uDavid Wood wayengenzele isamishi, futhi, kwakuyilo! Ngiyacabanga ukuthi wayelinganisa kimi ngokwenzela uyise elilodwa, ngesinye isikhathi. Sasingenalutho ngaphandle ko-anyanisi abathile noju nesinkwa, futhi, ngakuhlanganisa konke ndawonye, sazenzela isamishi. Futhi akakwazanga ukudla elakhe. Futhi ngicabanga ukuthi wayezama ukukulinganisa kimi ngalokho, ngakho-ke wabeka. . . A—Angazi ukuthi hlobo luni lonke a. . . Futhi senyuka intaba, imvula ina ngokushesha okukhulu, yalimanzisa, futhi lalisesitakini esisodwa esikhulu. Ngacabanga, “Awu, ngizodla lelo bese ngilinda.”

⁵⁵ Futhi ngenkathi ngangimi lapho, ngacabanga, “Lokho bekungelutho. Bengizicabangela nje. Kwakuwumoya, mhlasi, wawuphephetha, usonteka kulezi zihlahla.” Futhi ngaqala ukuhamba ngiqhubeka. Angikwazanga nje ukuhamba. Futhi ngacabanga, “Awu, ngi—ngikhulwa ukuthi ngizobuyela emuva.”

⁵⁶ Futhi ngaLizwa futhi. “Buyela lapho uvela khona.” Lasho lokho. Ngaqala ukukhuphuka intaba, ngama. Futhi ngacabanga, “Mhlawumbe ngi. . .” Nga—ngangesaba ukubuyela lapho ngangikhona, ngoba i—imimoya yayimibi kakhulu.

⁵⁷ Ngesinye isikhathi uNkulunkulu usenza senze izinto e—ezibonakala ziyingozi kakhulu futhi ziphumile emgqeni. Kuthiwani ngoMose naleyo nduku, ehlela ukuyodla iGibhithe na? Futhi konke esikuthola kanjalo, ukuthi uNkulunkulu ucela okungenakwenzeka, niyabo, ukuze Enze okungenakwenzeka, lowo muntu uzokwazi ukuthi akuyena; nguNkulunkulu okwenzayo.

⁵⁸ Ngabuyela emuva ngakhuphukela esiqongweni sentaba futhi, ngithola indlela yami ekuphephetheni, izihlahla ezisontekayo. Ngahlala phansi ngase ngithatha isibhamu sami, futhi ngavimbela isipopolo sami ekutholeni. . . phezulu kanjalo.

Ibhele ligijima ngalolo hlobo lwesikhathi. Futhi ngakho-ke ngibuyisela isipopolo sami ngaphansi kwehembe lami, *kanje*, futhi ngahlala phansi umzuzwana. Ngacabanga, “Ngenzani, ngihleli lapha na?”

⁵⁹ Kodwa uNkulunkulu usebenza ngezindlela ezingaqondakaliyo, izimangaliso zaKhe ukuba azenze. Sebedlulile ukuba bakuthole, emqondweni wenyama. Abakaze bakuthi shazi. Futhi ngenkathi ngihamba ngibuyela phezulu futhi ngahlala phansi, ngihleli lapho ngicabanga ngoNkulunkulu. “Ngiyamangala ukuthi kungani ngibuya.” Ngacabanga, “He, isikhathi ngifika ngaphansi kwegquma, leso siphepho siba ngesesabeka kakhulu ngaso sonke isikhathi, sigumbuqela, wawungakwazi ukubona kude kakhulu ngaphambi kwakho.” Futhi manje uma u . . .

⁶⁰ Awudingekile ukuba ukholwe yilokhu, kodwa lokhu kuyiqiniso. IPhimbo lakhuluma kimi, lathi, “NgiyiNkosi uNkulunkulu. Ngiye ngadala amazulu nomhlaba. Imvelo iyaNgilalela.”

⁶¹ Futhi-ke ngihlala lapho kancanyana, ngethula isigqoko sami. Futhi lelo Phimbo, ndawo ndawo, angikwazanga ukuLibona. Into kuphela, ngangilizwa. Lalingalapho kulezo zihlahla, ndawo ndawo. Ngacabanga. Imvamisa uyakubona lokho kuKhanya nonke enaziyo ngakho, invamisa Kulapho, kodwa ngabheka yonke indawo futhi angikwazanga ukubona ukuKhanya. Ngathi, “UKuphi, O Nkulunkulu, Mdali wami na?” Ngaqalaza. Angibange ngisakwazi ukuLizwa, ngizwe iPhimbo laKhe. Ngalinga imizuzu embalwa.

⁶² Wathi, “NgiyiNkosi uNkulunkulu owakwenza wakhuluma lezo zingwejeje zibe khona.” Nonke niyazi ngalokho. Futhi ngakho ngisizeni, ngaleli Bhayibheli eliphambi kwami, kulokhu kuBonga kulokhukusa, uma lokho kungelona iqiniso, uNkulunkulu angangishaya ngife emsamo manje. Niyabo, yiqiniso. UsenguMdali nje ngakho konke, uNkulunkulu—uNkulunkulu owayengahlizeka ngenqama u-Abrahama, angahlizeka. UsenguJehova-Jire. INkosi iyahlizeka!

⁶³ Wayitholaphi u-Abrahama leyo nqama na? Bukani, uhambo lwezinsuku ezintathu ukusuka empucukweni, phezulu esiqongweni sentaba, lapho kungekho khona amanzi noma lutho. Futhi wayedinga inqama, futhi kwakukhona inqama ihhukeke ehlane, ngezimpondo zayo. Futhi u-Abrahama wayehambahambile futhi wacoshwa idwala, nxazonke lapho ukwenza leli altare; kodwa uNkulunkulu wayesalokhu enguJehova-Jire, iNkosi izozihlizekela Yona uqobo, lokho.

⁶⁴ Noma yini Ayethembisa, ukuthi Uyakwazi ukukwenza! Lelo yiZwi kuMathewu lapho, ngiyacabanga, uMarku 11:22, “Uma uthi kule ntaba.” Mina, angikaze ngikwazi ukuqonda lokho. Uyayazi indaba ngalokho.

⁶⁵ Futhi, ngakho ngisize, leyo yiqiniso. Wathi, “NginguYe ohlinzeke ngalokho, lezo zingwejeje,” Wathi. Manje lapho... Ngalalela futhi, ukubona Ayezokusho. Akukho lutho olwamayo; umoya uheleza nje, uqhubeka. Ngi-ngifanele ngizilume, ngoba...

⁶⁶ Ake ngikutshela okuthile. Imiqondo yangempela yokomoya iyisinyathelo esisodwa ukusuka ekuhlanyeni. Ubukwazi lokho na? Ucwangingo lwesayensi luzokutshela lokho. Lapha wena uphansi *lapha* kancane futhi unciphile; bese-ke ukhuphuke kakhudlwana kokomoya, bese-ke ucishe ube *kangaka*; khona-ke uyahamba uthi ukufana nezembe elibuthuntu; bese-ke kuba ireyiza eloliwe. Manje uyazi ukuthi yiluphi uhlangothi ongawelela kulo lapho. Uma umuntu ezama ukuziphakamisela phezulu lapho, uqinisekile ukuqhubekela ohlangothini olungalungile. Uma uNkulunkulu emphakamisela phezulu lapho, uphakeme kakhulu ngaphezu komuntu omaphakathi. Lapho kulapho imibono nezinto zidabula khona. Lapho kulapho uMbuso kaNkulunkulu ukhona. Izimbongi, abaprofethi, nabo bonke babethathwa njengabaguliswa yimizwa.

⁶⁷ UJesu, gobo lwaKhe, wayebizwa ngokuthi i “ndoda ehlanayo.” Bathi, “Siyazi ukuthi Uyahlanga futhi unodeveli.” *Ukusangana* kusho “ukuhlanya.” Bheka zonke izimbongi nabaprofethi kuyo yonke iminyaka, bebethathwa kanjalo, lokho kuzama okukhulu kakhulu... Zama, uma uzama ukuzidonsa ukhuphukele lapho, usuhambile, awusoze uphumelele. Kuthatha iSandla sehla sisuka eNkazimulweni, ukubamba wena kulolo nqenqema lapho, phakathi kwezinto ezilungile nezingalungile. Futhi ngimi kulezo zinqenqema kulapho ubheka khona ngaphesheya ungene eBeulah Land.

⁶⁸ Khona-ke ngalo kanye lelo hora, Lakhuluma futhi, ngaso kanye leso sikhathi esifanayo, ngihlezi phezulu lapho. Wathi, “NginguYe owama emkhunjini ngalobo busuku, futhi wenza ukuba kunqamuke imimoya namagagasi.” Wathi, “Sukuma ngezinyawo zakho futhi ukhuze lesi siphepho, futhi sizolalela khona kanye okushoyo.” Lokho kube yilesi sigaba sesithathu senkonzo esizayo. Bekulokhu kukhuphuka, iminyaka. Futhi kubukeka sengathi kunokuthile okugcina kukhathazekile, ngiyacabanga, “O, unga...” Kodwa yilokho ncamashi Akwenzile. Futhi lokhu nguYe futhi, nguMoya waKhe ncamashi futhi, ncamashi impela nje.

⁶⁹ Kodwa ngibe nokulingisa kwenyama okuningi ngakhulu phezu kokunye, kuyangethusa ngisho ukucabanga ngakho. Isizathu, uzoba nalokho, ngokuqinisekile nje njengomhlaba. Kuhlala kunezixuku ezixubile. Futhi lokho kuzilingisa kwenyama kufanele kuKulandele. Kwenza ezinsukwini zaKhe; kwenza ngezinsuku zikaMose; kuzokwenza nsuku zonke. Kuzokwenza kulolu suku lapho uMoya oNgcwele uzama ukwenza umsebenzi. Kodwa noma kunjalo, uma

umuntu engokamoya, ukuzilingisa kwenyama kukhulisa kuphela okwangempela, Lokho, i—indatshana yangempela kaNkulunkulu.

⁷⁰ Futhi ngimi lapho, ngaleso sikhathi, ngasukuma ngase ngithi, “Nkosi Nkulunkulu, Mdali omkhulu wemvelo, ngikholwa ukuthi Lowo nguWe okhulumayo. Akukaze nakanye wake Wangikhombisa noma yini eyayingalungile, futhi akukaze nakanye Ungivumele ngisho noma yini ngaphandle kwalokho okufezekayo.”

⁷¹ Ngathi, ngakho-ke, “Ngithi kulesi siphepho esidlangayo, ‘Yiya ezindaweni zakho. Buyela emuva, shiya lokhu phansi.’ Futhi ngiyala ukuthi ilanga lizokhanya izinsuku ezine ezilandelayo, aze la madoda akwazi ukuthola izindondo zawo, futhi ngingawasiza azithole, futhi aphume kulezi zintaba.”

⁷² Futhi iNkosi uNkulunkulu, onguMahluleli wami oqotho kulokhukusa; leyo mvula nezinto zisonteka, kungakapheli isikhathi esiyisikhashana kwakungekho nokuncane kwakho. Ngabheka, futhi kwakukhona umoya ovela kwenye indlela, ngaphesheya esicongweni sentaba, futhi waphakamisa lawo mafu kanjalo. Ngaphakathi nje kwento yemizuzu embalwa, ilanga lasakazeka, khona nqo esicongweni, futhi likhanya ezansi ngqo, kahle impela nje njengoba belingenza.

⁷³ Ngendlela efanayo nje okwakwenzayo eJalimane. Niyayikhumbula indaba eJalimane. Ngenkathi, labo bathakathi, abayishumi nanhlanu ohlangothini olulodwa, besika, bathatha isikelo base besika uphappe, balubhekisa emuva ngalendlela, futhi bama lapho bedlula ekuthwebuleni kwabo, futhi bathi bayoshaya itende lisuke, labantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu. Futhi uMfowethu Arganbright wayemi lapho. Futhi nakhu kufika isiphepho, ifu liza likhuphuka. Ngama lapho ngakuMfowethu Lowster. Abanengi kini bayamazi, umJalimane ongowokuzalwa eMelika lapha ongumhumushi wami lapho. Futhi we—wema khona lapho. Ngathi, “Ungakuhumushi lokhu.” Kodwa ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, Wena unginika u—umbono futhi wangithumela eJalimane. Laba bathakathi baveza lesi siphepho. Wena unguNkulunkulu wendalo, makwaziwe ukuthi UnguNkulunkulu!” Akekho omunye ngaphandle kobengaqonda isiNgisi, futhi lowo kwakungelona idazini lapho elalazi lokhu engangikhuluma ngakho.

⁷⁴ Khona-ke nje itende likhuphuka *kanje*, linabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngaphansi kwalo, ligxuma phansi naphezulu *kanjalo*, lazinza, futhi amafu nokuduma kwezulu kwagoqana kwahamba. Ngaphansi kwemizuzu emihlanu, ilanga lase likhanya khona phansi ngqo, lapho amaJalimane angaba yizinkulungwane eziyishumi

nanhlanu eza eNkosini uJesu Kristu. Usenguye uNkulunkulu. UnguNkulunkulu nje kakhulu njengoba Wayelokho enguye.

⁷⁵ Awu, njengoba ngangimi lapho kulelo gquma. Liyaphuma cisha izinsuku ezine kamuva, noma ngubani lapha uyalazi iqiniso, akukho nefu elilodwa elalisesibhakabhakeni, kusukela kulelo hora, izinsuku ezine.

⁷⁶ Lapho ngehla futhi ngiphuma, ngahamba, ukuthenga uphethiloli lapho siphuma ezintabeni, ngathi, “Sesomile ngempela.”

⁷⁷ Wathi, “Yebo, sekomile.” Wathi, wathi, “Besibheke isiphepho ngolunye usuku, sakhuphuka, kodwa asazi, into imile.” Niyabo?

⁷⁸ Ngaqhubeka ngehla kolunye uhlangothi lweColorado, ngama ukuba ngithole uphethiloli. UBilly Paul, indodana yami emuva lapho, sasindawonye. Ngathi, “Ake sibone ukuthi kuye kwama ezansi lapha.”

⁷⁹ Futhi ngashayela ngangena, ngathi, “Sawubona ekuseni,” ngakho-ke saqala ukukhuluma nendoda.

Yathi, “Sawubona ekusheni.” Futhi yona . . .

Ngathi, “Impela usuku oluhle!”

⁸⁰ Yathi, “Yebo, ilanga elidala liyaphuma, liyashisa futhi.” Yathi, “Impela lisishisile kuleli hlobo.”

⁸¹ Futhi ngathi, “Ya.” Ngathi, “Awu, lokho kusesizweni sonke.” Wathi, “Ya, ngiyaqonda.”

Futhi ngathi, “Sekuthi akube yisikhathi seziphepho zakho.”

⁸² Yathi, “Uyazi ukuthini?” Yathi, “Wonke amaphepha, umsakazo, nakho konke okunye, kunikeza ukuza kwesiphepho ngolunye usuku. Futhi amafu ayeza, futhi isiphepho saqala. Futhi khona manjalo, asazi ukuthi kwenzekeni kuso, konke kuhambile.”

⁸³ Usenguye uNkulunkulu, kakhulu nje njengoba uNkulunkulu Wayelokhu enjalo. Kodwa umuntu angazisho kanjani lezo zinto ngaphandle kokuthi uNkulunkulu amtshela kuqala ukuthi azisho na? Niyabo, hhayi ngaphansi kokuzwakalisa; kodwa uyazi okushoyo, bese-ke ukwenza. Kodwa linda, ungazami ukuthi, “O, yileyo indlela!” Abantu abaningi, ngiyacabanga, futhi—futhi izipho zikaNkulunkulu. . . Linda ukwazi ukuthi kunjalo, uyakwazi ukuthi nguNkulunkulu. Buka, linda kuze kufike iPhimbo, futhi uyaLizwa, futhi uLazi, uLibone, khona-le usungathi, “Kungu ISHO KANJE INKOSI.” Uma kungesiye u ISHO KANJE INKOSI, khona-ke kungukuzwakalisa kwakho, yilokho omunye umuntu akucabangayo. Abantu bacela abantu, “Ngisholo *lokhu*. Ngenzele *lokhu*.” Ungakwenza kanjani, uma uqotho kuNkulunkulu, kuze kube yilapho uNkulunkulu ekutshela khona kuqala? Ngingakutshela kanjani, “Usho kanje uJack Moore,” noJack Moore akashongo lutho kimi? Niyabo?

Kufanele kuvele kuqala kuNkulunkulu, kungazwakaliswanga. Kufanele kube nguNkulunkulu, khona-ke kuzokwenzeka, ngoba khona-ke sekungu ISHO KANJE INKOSI.

⁸⁴ Manje, wonke umuntu ngeke abe nalokho. Qhabo, mnumzane. Ngeke kube ngaleyondlela. Akukaze kube ngaleyondlela. Akusoze kube ngaleyondlela. UNkulunkulu usebenzelana nomuntu ngamunye. Wenza ezinsukwini zikaNowa. Wenza ezinsukwini zika—zikaJoshuwa. Wenza ezinsukwini zikaMose. Ubelokhu ekwenza. Akakaze enze inqubo. Bekungumuntu ngamunye, ngoba abantu ababili abafani, akukaze. Niyabo, Akazange enze futhi. Kodwa wonke umuntu akadingekanga ukuba abe nguMose. Abakuqondanga; bavele balandela nje. Futhi uMoya oNgcwele, uma umuntu egcotshwe nguNkulunkulu, uzokuqondisa ukuthi ulandele uMoya oNgcwele neBhayibheli, ngoba nguYe owenza lezi zinto, uJesu Kristu esimweni sikaMoya oNgcwele esebenza kubantu.

⁸⁵ Ngimi lapho, ngaqala ukuhlehla ngehla. Ngama lapho. Ngakhala. Angikwazanga ukukubamba, ukubona ukuthi kwakwenzakaleni khona lapho esikhashaneni.

⁸⁶ Futhi abazalwane phezulu lapho, manje babebangaki owayekhona, ngabe ukhona othile lapha na? Ngiyamazi uFred Sothmann nabo ulapha, owayephezulu lapho; qhabo, uFred wayenami kwenye indawo. Ngabe ukhona noma ubani lapha manje owayephezulu lapho na? Ngabe uMfowethu Banks Wood kanye nabo ulapha okwamanje na? Ingabe ukhona noma ubani lapha ngaphandle kukaBilly Paul owayephezulu lapho na? Laba bafana basanda kuhamba, ya, noMfowethu Wood, noMfowethu Taylor, noma, sengiyalikhohlwa igama lomunye umfowethu, abane noma abahlanu babo babemi lapho. Laba bazalwane lapha, uMfowethu Martin wayesanda kuhamba, wahamba ngakuthangi, ngenxa yesiphepho esizayo. Nonke niyasikhumbula isiphepho, umsakazo, bathi sasiza. [Umfowethu uthi, “Sihlangane naso.”—Umhl.] Manje, uthini na? Uhlangane naso. [“Sihlangane naso.”] Uhlangane naso.

⁸⁷ Khona-ke, futhi manje qaphela. Ngimi lapho, ngacabanga, “Awu, ngiqagele ngizokwehla egqumeni.”

⁸⁸ Futhi nga—ngafunga kuNkulunkulu, eminyakeni embalwa edlule, ngiphuma neFull Gospel Businessmen, ukuthi, “Angiyikudubula inyamazane ngenzela omunye umuntu othile, ngaphandle uma kwakungokuphuthumayo.” Ngangingeke ngikwenze nje.

⁸⁹ Futhi, ya, nguMfowethu Jack Palmer, ukhona lapha na? UMfowethu Jack, wayevela eGeorgia, invamisa ukhuphukela lapha. Wayemi lapho. Futhi ngobusuku bakuthangi, wathi, “Mfowethu Branham, ngitholele inyamazane idiye.”

⁹⁰ Futhi, he, ngavele ngaqhaqhazela, ngoba, ngi—ngiyazi ngangifungile ukuthi ngeke ngikwenze lokho, eminyakeni

emine noma emihlanu edlule, ngoba ngalowo nyaka ngabulala inhloko yenyamazane i-elki eyishumi nesishiyagalolunye, ngingedwa. Ukwenzela nje labo somabhizinisi abahlala bezungeze futhi baxoxe ibhizinisi labo. Ngangifanele ngiphume futhi ngibulale inyamazane yabo. Futhi lokho nje akubonakalanga. . .njengokungibeka ezingeni lokubulala, kodwa angikwazanga ukukwenza. Ngizobayisa lapho ikhona, kodwa angizukuyidubula. Ngakho-ke ngathembisa uNkulunkulu ngangingeke ngikwenze lokho.

⁹¹ Ngakho-ke ngangikade ngithole, ngashiya indawo, ngibuyela emuva, ngaqala emuva ezansi kwegquma, nePhimbo lakhuluma kimi, lase lithi, “Kungani ungahambi naMi na?”

⁹² Futhi ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, uma lowo kunguWe, ngiyazi ukuthi yisandla sikaNkulunkulu kuphela esingahlukanisa lawo mafu wenze lokho Okwenzile lapha.” Futhi ilanga elifudumele likhanyisa phansi, lomisa ihembe lami, nesitimu sikhuphuka sisuka kulo. Futhi ngathi. . .Ihlathi elide elikhulu elikhulu, ihlathi elingakaze lithintwe, niyazi. Futhi ngathi, “Ngikholwa ukuthi ngizohamba ngikhuphuke ngalendlela khona-ke, Nkosi, uma Ungenayo inkomba ethile. Ngangifuna ukuya phezulu lapho futhi ngime nje imizuzu embalwa okwesikhumbuzo esincanyana kumkami, selethu—seholidi lezithandani ezisanda kushada lokuqala nokunguphela kwalo, niyazi, esake saba nethuba lokuya kulo. Futhi ngamyisa ohambweni lokuzingela, futhi ngilapha kulonyaka futhi, ngizingela nalaba bazalwane; naye ezansi eTucson, ezama ukugcina izinto ziqhubeka.”

⁹³ Futhi ngaqala ukuhamba ngehla ngidlula lapho, futhi ngacabanga. Manje lokhu kuzozwakala kuhlekisa kakhulu. Futhi ngizoshesha, ngoba ngiyazi inkonzo yenu iqala cishe emizuzwini eyishumi. Futhi ngakho-ke ngangihamba ngehla ngidabula lapho, futhi ngangicabanga, “O, ngiyamangala ukuthi kungani engakaze akhulume nakancane ngokuya noma kuphi?” Futhi kulokhukusa ngifuna ukunitshela ngokwenzekile, emizuzwini embalwa. Ngi—ngi. . .

⁹⁴ Yonke indoda ibifanele icabange lokhu. Ngi—ngicabanga ukuthi akekho umuntu wesifazane emhlabeni ofana nomkami. Ungumuntu omangalisayo, othe ukuba mnene kancane, ohlala ekhaya. Ubehlala njalo engilungiselela izimpahla zami zokuqgoka. Futhi bengiyophuma, ngiye ohambweni, yonke into; ngingene, ngithi, ngimgcone kancane, ngithi, “Ngingumyeni wakho. Ngabe ungumkami na?” Futhi kanjalo, futhi ngange abantwana, ngiguqe ngamadolo bese siba nomkhuleko; futhi ngigqoke izimpahla zami zokugqoka, ukuze ngizivikele ekulahlekelweni umqondo wami, cishe, ezixukwini nezinto, ngisuke futhi ngihambe ngiyodoba noma ngizingele, ngiqhele kuye. Wayefanele akuthwale konke yedwa, yena uqobo.

⁹⁵ Ngabe-ke sengicabanga, “Awu, mhlawumbe uma ngisekhaya, ukuphela kwento engihlala njalo...ukuphela kwento engiyaziyo nguNkulunkulu neZwi laKhe. Futhi njalonjalo ngikhuluma kuLo.” Futhi ngangihamba ngalapho, futhi umcabango wethulwa kimi, wathi, “Awu, mhlawumbe ukuvumela ukuthi uhambe ngoba ku—kuqhelisa abantu, nokunye nokunye okunjalo. Futhi angaba nokuthula kakhudlwana uma uhambile.” Futhi ngiqala ukuhambisana nalowo mcabango. Ngahamba, “A,” kanjalo, futhi, lapho sengenzile, ngabona amadevu ebusweni bami, kusukela mhlawumbe evikini ubudala, futhi ayengaphezulu kokuba mpunga ingxenye. Ngacabanga, “Bill, nje u...uyazi lapho uphokophelele khona. Uphokophele khona nqo ekuphumeni, niyabo, usuyaguga. Futhi usuvele uwuwelile lowo maka wamashumi amahlanu.” Ngakho-ke ngangicabanga lokho, ngiqhubeka nesibhamu sami esikhulu silenga emahlombe ami, ngahamba ngiqhubeka kanjalo.

⁹⁶ Futhi khona manjalo, kwenzeka okuthile. Kwakubukeka sengathi, kuzo zonke izimiso, ngase ngiwumfana futhi. Angazi ukuthi kwenzakalani ngokwengqondo, noma ukuthi kwakuyini. Futhi ngabheka, ngimi phambi kwakhe, futhi laphaya phambi kwami, futhi lapho wama nje ngendlela ayemi ngayo ngenkathi ngishada naye. Ngabeka isibhamu sami phansi. Ngahlilikhla amehlo ami. Ngambheka futhi wavula izingalo zakhe *kanje*, wangibheka. Ngakhothamisa ikhanda lami phansi.

⁹⁷ Isizathu, ngangikhuphukela khona lapho ngqo okwesikhumbuzo esincane—esincane somgubho wosuku lwethu lokushada; ngima ngakulezo zihlahla, isixha sezihlahla ezincane phezulu lapho, zivevezela, njengalokho okwaba khona emahlathini asenyakatho lapho sihambe sakhuphukela e-Adirondack. Futhi ngihlale ngikhuphukela lapho, njalo osukwini lwamashumi amabili nantathu luka-Okthoba, uma ngiphezulu lapho.

⁹⁸ Futhi wayelaphaya. Futhi ngase ngisibeke phansi isibhamu sami esikhulu, ngabheka lapho. Futhi ngama umzuzu, futhi ngakhothamisa ikhanda lami. Ngabheka emuva, futhi wayesami lapho nezingalo zakhe zivuliwe. Futhi ngacabanga, “Angizange ngempela ngilahlekelwe yingqondo yami.” Ngabheka futhi. Ngacabanga, “Kungani kuzoba yilokhu na?” Nakhu la ngangikhona, umfo osemusha. Ngabheka izandla zami, ngase ngithi... “Nkosi, isibopho sami emhlabeni, ukuletha uMlayezo waKho, ngokuqinisekile lokhu kwenzeke kimi.” Futhi ngaphinda ngabheka, kwabe-ke sekunyamalala.

⁹⁹ Futhi ngacasha isibhamu sami esikhulu, ngasitshatha ehloambe lami. Ngase ngithi, “Mhlawumbe lowo nguWe ungazisa isizathu, kumephula inhliziyo yakhe uma ngine...lapho ngingena, futhi ngiphume ngiyozingela, nezinto ezifana nalezo.”

¹⁰⁰ Kodwa lapho sengiqale ukuhamba, ngakhumula isigqoko sami futhi. Ngathi, “Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi Wena ulapha. Akukho kungabaza engqondweni yami ngaphandle kokuthi Wena ulapha. Futhi ngiyaKukholwa, lonke iZwi. Wena, Wenza lelo langa likhanye phansi emhlane wami. NguWe Owenza lezi zinto. UnguMdali. Mina, bengilokhu ngicindezelwe kakhulu, kubukeka sengathi ngiyesaba ukubamba. Ngiyesaba ukuthi ngizokwenza okuthile okungalungile.” Ngathi, “Kukhona into eyodwa engizocela Wena ukuthi uyenze. Susa umthwalo enhliziyweni yami. Asikho isidingo sami ngibe ngisazama ukuvuma futhi, ngoba sekuyiminyaka emihlanu njalonzalo ngikhala kuWe. Ngenzeni na? Ngitshela ukuthi kuyini.”

¹⁰¹ Futhi ngangikhuphukela egqumeni elincane ngaleyonkathi, eduze ngqo kwalapho engangizoma khona emizuzwini embalwa, nje ukubonga iNkosi ngomkami nangomshado ophumelelayo okungukuthi uNkulunkulu usiphe wona, nanothando esasinalo komunye nomunye, le minyaka, nabantwana bethu. Ngenza lokho njalo osukwini lwamashumi amabili nantathu ku-Okthoba. Futhi kwakukhona ukuvezelela okuncane, cishe, o, amayintshi ayishumi ubukhulu, kwakukhuphuke cishe *kanje*, futhi kwaphuma, njengo L, futhi kwakhuphuka. Futhi njengoba nje ngangikhuphukela egqumeni, ngaba buthaka ngempela, futhi ngavele ngencika kuleso sihlahlala, *kanjalo*.

¹⁰² Futhi ngangingezwa okuthile kuphathaza amaqabunga, umzuzu nje. Manje, amaqabunga ayesomile, isikhathi engangihambe ngaso lapho, cishe amayadi angamakhulu amathathu noma amane. Futhi ngabheka, futhi kwakungamanzi ephuma emehlweni ami, eqathaka, enqamula entshebeni empunga, ehlela phezu komhlabathi. Ngathi, “O Nkulunkulu, yeka i—yeka isehluleki engiyiso.” Futhi ngimi lapho kuleso simo. Ngathi, “Ngi—ngithemba ukuthi Wena uzoba nesihe kuye.” Ngathi, “A—angifanele ukucela isihe.” Ngathi, “Ngolunye usuku, ngiyazi ukuthi ngiba mpunga, futhi ngi—ngifanele ngihambe, Nkosi.”

¹⁰³ Futhi ngicabanga ukuthi abantu bacabanga ukuthi kukunguhlanya, kodwa ngi—ngithola uNkulunkulu kulezo zindawo. Lokho yi—lokho yilapho kungokoqobo kimi. Mina. . . Kungokoqobo nje—nje njengoba kunjalo lapha; futhi, ngokusobala, kukhudlwana kanjalo, ngoba, niyabo, nonke, ingxenye. Lapho, kubukeka sengathi ngimi nje naYe kuphela, ngingakhulumi namuntu kodwa Yena.

¹⁰⁴ Futhi ngisami lapho, ngezwa ukuhlofozela, futhi ngathi ukuphakamisa ikhanda lami; ngembethe ihembe elibomvu manje, nebhande elibomvu lizungeze isigqoko sami—sami, iduku elibomvu lizungezele esinye salezo zigqoko zasentshonalanga. Futhi nga—futhi ngabheka, futhi nakhu kwakumi ezimbili, inyamazane idiye ezintathu zimi ngakimi ngqo, ngavele ngakhuphukela lapho nje; mina kulokho okubomvu. Konke

lokho kudubula laphaya, ikhulu lendoda, zazidutshulwe amahlandla angamashumi amane, ngiyacabanga; ngani, impela, bezingabe zihlakazekile khona manje. Kodwa azizange. Zavele zama nje futhi zangibheka.

¹⁰⁵ Futhi inyama enhle, amazinyane amabili esekhule ngokugcwele nensikazi enkulu. Futhi okuthile kwathi kimi, “Nansiya inyamazane idiye kaMfowethu Evans, eyodwa kaMfowethu Welch, neyodwa yomshumayeli weMethodisti. Nakho ncamashi lokho iNkosi uNkulunkulu ekunike khona manje. Azikwazi ukusuka. Akukho ndlela yazo ukukwenza.” Nganginesibhamu silenga ehloambe lami lapha. Futhi ngaphambi kokuthi zize zikwazi nokuphenduka, ngase ngizibulele zozintathu, niyabo, kanjalo, ngaphambi kokuba zize zikwazi nokunyakaza. Zazisezandleni zami ngqo. Futhi mina... Futhi nga—ngacabanga, “Nakho la zikhona, ezintathu nje. Kulula ukuzizingqela ezansi ngqo egqumeni lapha, bese-ke ngizikhiphela ngaphandle ngqo.” Futhi ngacabanga, “Lokho kuzoba lula kakhulu. Kukhona ezintathu, khona-ke singaya ekhaya sisuka lapho, sikhophe futhi siphume ezintabeni.” Futhi lapho ngizibuka lapho, zazimile, zingibuka, zithule nje, cishe amamitha ayishumi nane, ishumi nesishiyagalombili amashumi amabili. Awu, ngavele ngama nganganyakaza.

¹⁰⁶ Futhi angazi noma ngabe nina bafo niyayingela izinyamazane idiye, noma qhabo, kodwa ziyinqaba, uma zizinga... noma aziqinisekile, zizolungisa izinyawo zazo kanje, hambe... [UMfowethu Branham ugxobagxoba ngezinyawo zakhe endaweni, bese-ke ephinda ezibuyisela endaweni yazo—Umhl.]

¹⁰⁷ Futhi khona-ke zase zingibhekisisa. Ngacabanga, “Awu, nakho la kukhona. Yona-nto kuphela, ngiwisa isibhamu sami esikhulu ngaley a—azisekho.”

¹⁰⁸ Bese kuthi-ke ngabe sengikhumbula ukuthi ngethembisa uNkulunkulu ukuthi ngangengeke ngikwenze. Futhi ngiyakukhumbula lokho. Ngacabanga, “Qhabo, angizukukwenza. Lokho akulungile. Ngathembisa uNkulunkulu ukuthi angizukukwenza.” Futhi lapho wenza isithembiso, uhlala naso. UNkulunkulu ulindela wena ukwenze. Futhi lapho ngacabanga, “Awu, ngokuphelele nje ezandleni zami, kodwa nokho ngaMthembisa ukuthi angizukukwenza.”

¹⁰⁹ Ngathi, “Qhubeka, mama, thatha izingane zakho bese uqhubeka ungene emahlathini, zithokozise. Ngiyakuthanda lokhu, futhi. Usezandleni zami, kodwa angizukukubulala.” Futhi zasondela kancane. O, yeka ukuthi lokho akujwayelekile kanjani, ngenyamazane idiye. Futhi zazingibuka, niyazi, zase ziphendula ikhanda lazo. Futhi nami ngimi lapho, ngigqoke okubomvu, nesibhamu esikhulu simi esandleni sami. Futhi zasondela kakhulu zaze zacishe... ngangingakwazi ukuzondla

ngesandla sami. Futhi zavele zasondela ngesinono ngalapho, imizuzwana embalwa, zaphenduka, zaqhubekela emuva uphisi omncane. Zama, zabuya futhi.

¹¹⁰ Okuthile kwakuqhubeka kuthi, “Zisezandleni zakho ngqo. Zisezandleni zakho ngqo. INkosi izibeke ezandleni zakho.”

Ngathi, “Kodwa ngethembisa, ngethembisa ukuthi angizukukwenza.”

¹¹¹ Kusukela ngaleso sikhathi, ngacabanga, “Uyazi, ngesinye isikhathi, uDavide waholelwa kulo kanye uhlangothi lapho uJowabe wayelele khona futhi. . . noma lapho iNkosi uSawule wayelele khona. Futhi uJowabe wathi kuye, wathi, ‘INkosi innikele ezandleni zakho.’ Kodwa wathi, ‘UNkulunkulu uyala ukuba ngithinte oGcotshiweyo waKhe.’” Niyabo? Niyabo, ufanele ubhekisise lapho wenza isithembiso.

¹¹² Futhi khona—ke ngathi, “Ngathembisa uNkulunkulu ukuthi angizukukwenza, ngakho angizukukwenza.”

¹¹³ Ngathi, “Mama, thatha abantwana bakho bese uqhubeka uphumele emahlathini. Angizukukukhathaza. Usezandleni zami, ubungeke ubaleke ukuba ubufanele. Kodwa a—angizukukulimaza. Qhubekelani emahlathini.” Futhi zabuyela emuva ngqo futhi, ngakimi ngqo. Futhi ngama lapho. Ngase ngicabanga, “Yini le? Into exakile.”

¹¹⁴ Ngingumuntu wemvelo. Ngi—ngi—ngiqaphela uNkulunkulu emvelweni, ukushona kwelanga nokuphuma kwelanga; kungukufa, ukuphila, u—umngcwabo; ukufa, uvuko futhi, yonke into. Njengezihlahla, uJobe washo kanjani ngokuzifihla ethuneni, “Ubeyongicina endaweni engcwele.” Nokubona amanzi esihlahla eshiya izihlahla, futhi ehlele angene ethuneni lezimpande, aphinde abuye akhuphuke futhi entwasahlobo, uvuko. Konke kukhuluma ngokuphila novuko.

¹¹⁵ Futhi lapho ngimile lapho ngizibhekisisa, zasondela kakhudlwana, zasondela kakhudlwana. Khona—ke zaphenduka zase zihamba ziqhubeka phandle emahlathini. Futhi ngavele nje ngama lapho, ngimangala nje, kanjalo.

¹¹⁶ Futhi lapho sezihambile, lelo Phimbo laphinde lakhuluma phansi futhi, lelo langa likhanya emhlane wami, lathi, “Usikhumbulile isithembiso sakho, awusikhumbulanga na?”

¹¹⁷ Ngathi, “Yebo, Nkosi, ngasikhumbula isithembiso sami. Ngiyazi ukuthi nguWe. AngiKuboni, Nkosi, kodwa Ulapha ndawo ndawo.” Ngathi, “AngiKuboni, kodwa ngiyalizwa iPhimbo laKho. Ngiyazi ukuthi Ulapha.”

¹¹⁸ Ngathi, “Wasigcina isithembiso sakho, usikhumbulile isithembiso sakho—sakho. Ngizosikhumbula nesaMi, futhi. Angisoze ngakushiya noma ngikulahle.”

¹¹⁹ O, he, angikaze ngizizwe ngifana kusukela ngaleso sikhathi! Ngehla entabeni. Yonke intambama, kwenzeka umbono emva

kombono, wenzakala. Ngehlela phansi. Kubukeka sengathi konke kuhlukile kusukela ngalesosikhathi. U—umthwalo usuhambile.

¹²⁰ Mayelana nalapho inkonzo iqala ukufika kimi, nokuzizwela i—izandla zomuntu, okwakuyikho, kwakungukuphila kuzo, futhi—futhi siyazi ukuthi kwahamba kanjani.

¹²¹ Ngobunye ubusuku, eCalifornia, ngangihleli nomndeni wakwaMalicki, uMfowethu Moore uyakhumbula noMfowethu Brown, umndeni wakwaMalicki. Futhi inenekazi elincane lalizothatha ubuhlungu bomthambo omkhulu wethanga, ekuzalweni komntwana. Futhi nga—ngangimphakamisele isandla, ngathi, “Nakho-ke, niyakubona ukuthuthumela kwaso. Niyabo?” Futhi ngathi, “Wena, uzothatha ubuhlungu bomthambo omkhulu wethanga.” Ngathi, “Sekuvele kuyasebenza kuwe.” Futhi wakwenza, wacishe walahlekelwa yimpilo yakhe.

¹²² Futhi uMfowethu Malicki wathi kimi, wathi, “Mfowethu Branham, ukwenza kanjani lokho na?”

Ngathi, “Angazi. Angikwazi ukukutshela ukuthi kunjani. NguNkulunkulu.”

¹²³ Futhi ngakho-ke ngelula isandla sami *kanjalo*. Ngathi, “Nangu, nangu umkami, ngiyazi ukuthi akukho lutho olungahambi kahle kuye. Beka izandla zakho phezu kwami, s’thandwa.” Futhi wakwenza, futhi lapho isimila sathuthumela, sivela kowesifazane. Futhi ngathi, “S’thandwa, unesimila, s’thandwa, ezindlaleni zowesifazane.”

Futhi wathi, “A—angizwa miphumela.”

¹²⁴ Ngathi, “Sthandwa, nakhu kusesandleni sami. Phakamisa isandla sakho.” Wasiphakamisa, wase esibeka phansi. “Niyakubona na?”

¹²⁵ Awu, lapho sesihambile, siza ekhaya, sathola udokotela ongumngane omuhle kakhulu; Ngaya esikoleni naye. Samehlisa, ukuhlolwa. Wathi, “Billy, akukho lutho olungalungile ngaye.” Wathi, “Uyaphila. Akukho simila lapho.”

¹²⁶ Ngathi, “Sam, angifuni ukungabaza izwi lakho, uyabo, ngoba uye wamhlola, kodwa kukhona isimila lapho.”

¹²⁷ Wonke umuntu, ngaphezu kweminyaka emithathu noma emine, lapho ngiyozitholela okwami komzimba, lapho ngiya phesheya kwezilwandle, uhamba nami mayelana nokomzimba. Futhi ngenkathi kwakukhona, akakaze akubone.

¹²⁸ Futhi cishe eminyakeni emibili edlule, ngiyangena ngolunye usuku, manje ngi—ngifanele nginitshele lonke iqiniso. Niyabo, anifuni ukwedlula nje noma yini, ufanele usho lonke iqiniso. Futhi ngizwakalisile kini, uthando lwami ngomkami. Kodwa nokho sifanele sibhekisise kulezo zinto. Nginitshele iqiniso. UBaba waseZulwini, OnguFakazi wami lapha manje, uyazi

ukuthi kuyiqiniso. O, endlini, kukanjani, *lokhu* nje, *lokho*, nakho konke! Into encane empofu idlula oshintshweni lwempilo ngalesi sikhathi, umopho.

¹²⁹ Futhi eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, cishe iminyaka emibili edlule, lapho sinokomzimba, khona-ke udokotela wathola isimila esibeledhweni sangakwesokunxele. Sase sikhulile safinyelela esilinganisweni se—sekinati iwalunathi. Wathi, “Mangihlole lokho futhi, Mfowethu Branham.” Wathi, “Cishe izinyanga ezintathu, uma lokho kukhula, kufanele kuphume.” Awu, khona-ke thina . . .

¹³⁰ Kodwa ngaphambi nje kwalokho, nginokuthile ukuba nginitshele khona. Ngikukhohliwe lokho. Ngolunye usuku ngiyangena, futhi ngivela endlini, futhi ngangena ukuzokwenza okuthile, futhi ngaphenduka ngase ngiphuma. Ngase ngithi . . . Wathi, “Ungahamba kanye nami ezansi edolobheni, Bill na?”

Futhi ngathi, “Hhayi khona manje, s’thandwa.”

¹³¹ Futhi wathi, “Sizokwenzanjani ngoBecky, *ukuthi-no-kuthi* na?”

Ngathi, “Awu, s’thandwa, angazi nje ukuthi ngenzeni.”

¹³² Futhi kwabakhona okuqhamukayo, futhi wayeguliswa imizwa kakhulu akakwazanga ukuzibamba nhlobo. Abantu endlini, ubusuku bonke gulukunqu. Futhi njengokuthi ubusuku bakuthangi, ngisho ngehora lokuqala nqo ekuseni, nakhu kwakukhona abantu phakathi, bezungeze indlu, bezungeze amawindi nakho konke . . . Ngakho-ke wayeguliswa yimizwa ngempela, futhi washo okuthile kimi, ngokusheshayo, ukuthi yena wayengafanele akusho. Niyabo? Wathi, “Manje-ke, Bill, uhlala ungekho, futhi ngifanele nginakekele laba bantwana ngokwami.” Wathi, “Uhlale ungekho lapha. Asikwazi ukwenza izinqumo zethu sindawonye. Kuphakathi kokuthi uphumile, uhambile . . .” Futhi waqala ukukhala, wangena, wavala umnyango.

¹³³ Khona-ke ngase ngithi, “O, umfo omncane bandla!” Ngathi, “He, bengifanele . . .” Futhi ngaqala ukuphuma.

¹³⁴ Futhi Lathi, “Funda iziKronike zesiBili 22.” Kulapho uMiryemu ekhuze uMose, ngokuganwa yintombazane yaseTopiya; kungcono ukuthi ubaba wakhe umkhafulele ebusweni bakhe, kunokwenza lokhu.

¹³⁵ Futhi nga—ngabuyela ngaphakathi, ngathi, “Sthandwa, usho into engalungile.” Futhi wayekhala. Ngathi, “Ukhulume into engalungile, s’thandwa. UNkulunkulu uzokukhokhisa ngalokho. Ubungafanele ukwenze lokho. Ngidabukile wonke, qobo lwami. Ubungafanele usho lokho.”

¹³⁶ Futhi wathi, “Awu, Bill, ngi—ngidabuka kakhulu.” Futhi ngavele ngaphenduka nje futhi ngaphindela emuva, ngoba

ngangazi ukuthi wayengekho emzweni wokukwemukela, ngakho ngabuyela emuva ngaphuma.

¹³⁷ Futhi ukuhlolwa okulandelayo, cishe inyanga ngemuva kwalokho, kwabonisa isimila.

¹³⁸ Ngonyaka odlule, nakhu kuza futhi. Lapho ekuzamile futhi, manje kwakunyukele kubungako bewolintshi. Udokotela wathi, “Ungabe usamsusa isikhathi eside. Ufanele uhlinze. Lokho kusekukhuleni okusheshayo kwesimila, kuyalimaza. Uma konke kuthola ukukhathala, futhi kuthole ukuhhukeka ohlangothini, uzokwenzenjani na?”

Ngathi, “Dokotela, sikholwa kuNkulunkulu.”

¹³⁹ Angizange ngisho ebandleni, noma lutho, ngavele ngakuyeka kwahamba nje. Saqala ukukhuleka. Futhi ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, sisize, ngiyacela. Ngiyakhuleka Ubungangisiza,” futhi ngaqhubeka kanjalo. Isimila sakhula sakhula.

¹⁴⁰ Khona-ke lapho sesihambile ukuya eTucson, udokotela wethu ekhaya wathumela izwi kumngane wakhe ongudokotela lapho, wathi, “Uma... Ufanele ususe lesi simila kuNkk. Branham, kanye nje.” Wathi, “Uma ungakwenzi, sizokujika kube ngokulimazayo.” Wamtshela, wathi, “Isimila sesivele sikhulile, phakathi nonyaka, kusukela kubungako bekinati i-walinathi kuze kube ubungako cishe bukaphaphamuzi,” siye sakhula kakhulu kakhulu. Naso la sasikhona, siqhushuke ohlangothini lwakhe, *kanjalo*. Futhi ngolunye usuku. . .

¹⁴¹ Wa—wayekususile, ehamba; ngathi, “Zama. . .” Sikhulekile. Sikhulile. Sancenga, yonke into, akukho okuyokwenzeka. Khona-ke wayezohamba, wayezofanele ahambe ekugcineni. . . ake sibone, izolo. Ya, izolo uye kudokotela okokugcina. Ngathi, “Awu, ngiyazonda ukukwenza, kodwa mhlawumbe sizofanele sivume. Bese kuthi-ke, s’thandwa, uzo—uzofanele nje u—uvume, ukuba ne. . . ube naso sikhishiwe, ngoba sikhula kakhulu kakhulu, ukukholwa kwethu akwenele.”

¹⁴² Ngakho-ke, kuthangi, ngaphambi kokuba ngihambe, ngazi, wathi, “Ungangishayeli ucingo kuze kube ngemuva kokuba nenkonzo kaMfowethu Jack ngalobo busuku, bese-ke ungitshela ukuthi hlobo luni lomhlangano obe nalo, nokuthi abantu banjani ezansi e-Shreveport. Khona-ke,” wathi, “Ngizokunikeza lokho udokotela akushilo.”

Ngathi, “Kulungile, s’thandwa.” Futhi ngavala ucingo.

¹⁴³ Izolo, kuthangi, ngenkathi ngiqala ukuhamba lapho, endlini, ngangena futhi. . . Njalo lapho sihamba, zonke izinganyana nathi sonke siyahlangana futhi siguqe ngamadolo ngalapho egumbini, futhi sikhuleke. Futhi iNkosi, sitshela iNkosi. . . Lapho ngiya phesheya kwezilwandle, ngithi, “Nkosi Jesu, nakekela umndeneni wami.” Futhi bayangikhulekela, ukuthi

uNkulunkulu uzongisiza, ukuthi singaphinde sihlangane futhi. Khona-ke zonke izinganyana ziqala ukukhala nezinto, niyazi, ngoba, niyazi ukuthi kukanjani.

¹⁴⁴ Ukhuluma ngoMengameli Kennedy edutshulwa na? Ngiye ngadingeka ukuba kuqashelwe izikhathi eziningi ekudutshulweni ngesipopolo esinombala ongenakubonwa ngeso, futhi mhlawumbe amayadi angamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nane noma amathathu neshumi nanhlanu kude, ngesikhathi sasebusuku. Bangabona nje ngokufanayo njengoba bekwazi emini, ngaleso sipopolo esibonisayo ebusuku. Futhi bengilokhu ngisemazweni lama Katolika lapho amashinga nakho konke, ezansi eMexico lapho bathumela khona emuva lapho, futhi bathumele igama, imilayezo yethelegramu ebhalwe ngakho konke, “Sizokuthola kulobubusuku,” nokunye nokunye kanjalo, ukungena nokuphuma, futhi bengiqaphile. Futhi mhlawumbe ngikuzothola ngesinye isikhathi. Lokho kulungile. Kodwa nginoKuthile okuzonginakekela lapho leso sikhathi sifika, niyabo.

¹⁴⁵ Bese kuthi-ke lapho ngiqala ukuhamba futhi, ngingedwa nje, ngolunye usuku, ngaguqa ngamadolo phansi, kuthangi, futhi ngaguqa phansi egumbini. Futhi ngaqalaza. Bengikade ngilapho izinsuku ezithi azibe zimbili, nginesizungu, kungekho muntu lapho endlini. Futhi ngathi, “Baba waseZulwini, ngi—ngikhulekela ukuthi Ungaba nesihe manje, futhi ungisize. Ngehlela eShreveport ukwenza konke engingakwenza ukusiza uMbuso waKho.” Ngathi, “Kukangaki umkami nami siye saguqa ngamadolo lapha egumbini kanje! Siyakhuleka. Futhi namuhla ngiyafa isizungu sakhe.” Futhi ngathi, “Kusasa uyangena, ngoba mhlasimbe angeke ngikwazi ukuqeda imihlangano yami, ngoba mhlasimbe uzoyiswa esibhedlela, ngenxa yalesi simila esikhulu esicele ukuthi Usisuse. Sesikhulile futhi sakhula, kuze kube manje simele sisuswe.” Futhi ngathi, “Ngi—ngiKunxusile.”

¹⁴⁶ Futhi ngathi, “Nkosi, uma esho okuthile okungalungile, ngenkathi e... ngenkathi lapho, ngadwengulwa. Uma esho okuthile okungalungile,” ngathi, “Nkosi, cabanga nje, akakaze nakanye, akaze nakanye ake asho into eyodwa kimi emihlanganweni yaKho.” Ngathi, “Uzo... Ubehlala njalo enezimpahla zami zinhlanzekile futhi zilungele; futhi angibambe ngesandla, futhi akhale futhi akhuleke, bese ethi, ‘Uma ngingenza nje okuthile ukusiza iNkosi!’” Futhi ngathi, “Bheka isimo sakhe, Nkosi. Futhi unga—ungakwenzi. Ungakwenzi, ngiyacela ungakwenzi, Nkosi.” Futhi nga—ngathi, “Nkulunkulu, msizwe, ngiyakhulekela ukuthi Uzoba nesihe kuye. Futhi uma efanele adlule kulokho kuhlinzwa, msizwe adlule, Nkosi. Uma ngizolahlekelwa nguye manje, angazi ukuthi bengiyokwenzenjani. Ngi—ngiyikhehla. Futhi lezo zinganyana ezincane ukuba zikhuliswe, futhi bengingenzani na? Yiba nesihe

kuye, Nkosi. Uyazi ukuthi ngimthanda kanjani.” Futhi ngathi, “Ngi—ngiyakhuleka nje ukuthi uzomsiza.”

¹⁴⁷ Futhi lapho ngisakhuleka, ngezwa Okuthile kuthi, “Sukuma ume ngezinyawo zakho.” Futhi ngavele ngaqhubekele phambili, ngikhuleka, ngoba nga—nga—ngacabanga ukuthi mhlawumbe ngizicabangelile lokho. Futhi lapho sengiqhubekile nokukhuleka, Okuthile kwathi, “Sukuma ume ngezinyawo zakho.” Futhi ngayeka ukukhuleka, futhi ngabheka phezulu. Futhi isithombe sikaKristu, leso esi . . .

¹⁴⁸ Angikaze ngisinake isithombe sikaSallman. Ngi—ngithanda isithombe sikaHofmann, *Ikhanda Enamashumi Amathathu Nantathu*, niyazi. Futhi ngenesithombe esikhulu saso, ngoba, ngenkathi ngiMbona embonweni ngalesosikhathi, lokho kungaleyo ndlela nje Ayebukeka ngayo. Futhi nakho la sasikhona, ngasilungisa ukuze Azobe engibuka ngqo ngenkathi ngangikhuleka, kulesi sithombe.

¹⁴⁹ Futhi ngabheka phezulu lapho, futhi ngabheka isithombe. Futhi ngabheka nxazonke. Ngacabanga, “Bekuyini lokho, ‘Sukuma ume ngezinyawo zakho?’” Ngacabanga, “Awu, ngizoma ngezinyawo zami.” Futhi ngasukuma ngama ngezinyawo zami.

¹⁵⁰ Lelo Phimbo elifanayo nje elakhuluma khona phezulu lapho egqumeni ngalobo busuku, Ofanayo Ohlale eza. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, bekunguWe ukhuluma encekwini yaKho na?”

¹⁵¹ Wathi, “Yisho izwi nje, futhi ngeke lisaba khona ithumba.”

¹⁵² Ngama lapho kancanyana, ukuze ngizithole kahle. Abanengi kini bayazi, phakathi lapha, nabantu etabernakele bayazi ukuthi kwakuyini, ukuthi ubenaso. Ngathi, “Khona-ke ngithi, eGameni leNkosi uJesu Kristu, ukuthi leso simila siyomshiya.” Besilokhu simhlupha kabi kakhulu, ubesemhedeni izinsuku ezintathu noma ezine, enaso. Ngathi, “Abasoze ngisho bathola umkhondo waso. Ngokuba, iNkosi uNkulunkulu wami, OnguMdali, Ongamisa imimoya neziphapho, futhi angakhuza izilwandle, futhi aveze lokho, UnguMdali wamazulu nomhlaba. Futhi ngiyaMthanda futhi ngiyaMkholwa, futhi ngiyakholwa ukuthi lesi sikhathi manje sesiyasondela lapho lezi zinto zizakuba khona. Futhi Wena, Owawungadala ingwejeje futhi uyenze ibe khona, ubungasusa isitha singabi bikho.” Ngathi, “Ngenkathi udeveli wayezisonge esiphaphweni . . . Imimoya iyindalo kaNkulunkulu. Amanzi ayindalo kaNkulunkulu. Kodwa udeveli wangena kukho, yilokho okwakwenzayo, futhi wabeka—igebe olwandle, kanjalo.” Ngathi, “Ubungakuthulisa. Futhi Wena obungathulisa lokho, ungasusa isimila kumkami. Futhi ngithi lokho kwenziwa khona manje, akusophinde kufunywane. Sekuphelile.”

¹⁵³ Ngaphuma lapho nesiqiniseko, ngatshela indodana yami nomalokazana wakwami. Siza ezansi, futhi izolo ebusuku ngigijime ngangena lapha ngokukhulu ukushesha ukuba

nomhlangano; futhi ngabuyela emuva, ngamshayela ucingo. Futhi ubengazi lutho ngakho nokho. Angimtshelelanga.

¹⁵⁴ Futhi ngenkathi eshaya ucingo, ubejabule ngakho konke nje. Wathi, “Billy, nginokuthile engizokutshela khona, s’thandwa.” Wathi, “Akukho nophawu olulodwa lwesimila elisele ndawo. Udokotela wathi akasitholanga.” Wathi, “Bengijabule kakhulu! Futhi uNkk. Norman kanye nodade abaningi lapha, ababili noma abathathu babo, ubenathi lapha egumbini.” Wathi, “Udokotela washo, ‘Futhi uqonde ukusho! Angiqondi. Inyanga edlule, bekunesimila lapho ubungako bukaphaphamuzi.’ Futhi wathi, ‘Nkk. Branham, qiniseka, akukho nolulodwa uphawu lwesimila ngawe, asisekho.’”

¹⁵⁵ YiNkosi uNkulunkulu wethu! Usuku lokubonga na? O, bonga uNkulunkulu ngesipho sikaJesu Kristu, leso Sipho esiphakeme esinguye izolo, namuhla, naphakade! Yiqiniso lelo. Angikholelwa ekuthatheni izifungo ngamazulu noma ngomhlaba, noma lutho olunye. Kodwa ngeBhayibheli phezu kwenhliziyo yami, noNkulunkulu engiMthandayo, uyazi ukuthi wonke amazwi alokho iqiniso neqiniso lodwa. Usuku lokubonga! Lapho ngicabanga ukuthi kusasa ngizoba ne, noma izinsuku ezimbalwa ezilandelayo, ngingahle ngidingeke ngisho ukuba ngishiye umhlangano, ukuba ngihambe. Angikwazanga ngisho ukuthembisa abantu ukuthi ngiyobuya ngesikhathi sikaKhisimusi, ekhaya, ngenzele abantwana bami, ukubabuyisela ekhaya futhi ngoKhisimusi; ngazi, uthuthumela phansi enhliziyweni yami, ukuthi ukuhlinzwa bekulinde umkami, enesimila ubungako bukaphaphamuzi. Futhi nakho la bekukhona.

¹⁵⁶ Futhi lona kanye iZwi likaNkulunkulu, elathi, “Yisho okuthandayo, futhi kuzoba ngaleyo ndlela.”

¹⁵⁷ Futhi ngathi, “Isimila sesihambile. Abasophinde basithole.”

¹⁵⁸ Futhi sesihambile, namuhla. Futhi udokotela ohlinzayo nodokotela ababedlula bonke lapho babekulento eTucson, e-Arizona; ngenkathi, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, bekukhona esikhulu, isimila esikhulukazi esikhulu *kanjalo*. Futhi udokotela ofanayo akakwazanga ukulandelela umkhondo waso sonke, futhi waloba isitatimende samahhala kanje, ukuthi, “UNkk. Branham akanalo uphawu lwesimila, asikho ndawo nhlobo.”

¹⁵⁹ O, ukubonga kuNkulunkulu! Lolu wusuku lokubonga, kimi. Ukwazi, ngaphezu kwalokho, ukuthi ngolunye usuku lobo buso obuncane engabushada lapho, udumo kuNkulunkulu, ngolunye usuku lezi zibazi ezindala zokufa zizoshabalala, futhi sizoba lapho ekufaneni nosemusha, futhi singasophinde futhi ukuba siguge. Futhi isipho sikaNkulunkulu, ngoJesu Kristu, sikaMoya oNgcwele esisamukelile manje, yiso esisinika lokhu, lelihange.

¹⁶⁰ Futhi kubhekeni namuhla, bangani. Nikhuluma ngabantu ababongayo. Besifanele ukuba ngabantu ababongayo kakhulu kunawo wonke umuntu ezweni. Ngaphandle kokuphulukiswa, ngaphandle kwalezi zinto ezenzekayo, kuyini na? Kuyisiqiniseko esiphelele ukuthi uNkulunkulu ofanayo, ngemvelo efanayo, iNsika yoMlilo efanayo, iNgelosi kaNkulunkulu efanayo, uJesu onguye izolo, namuhla naphakade, wenza izinto ezifanayo, ngaMandla afanayo, ngokusebenzisa iGama elifanayo. Yeka ihange lomphfumulo, eliqinile futhi liqinisekile! Kwangathi iNkosi uNkulunkulu weZulu anibusise ngokucebile, nonke.

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹⁶¹ Nkosi, ngibonga kakhulu, Nkosi, a—angazi ukuthi ngithini. Angikwazi nje ukukuzwakalisa. Lapho lelo hubo beliculwa esikhashaneni esedlule, nalabo bantu becula lelo culo; enhliziyweni yami, ngivele ngaxuma yinjabulo. Futhi ubufakazi buza enhliziyweni yami. Futhi manje, Baba waseZulwini, Wena uyazi ukuthi lezi zinto ziyiqiniso. Wena uyazazi, kusukela ezunjulweni zenhliziyoyi yami, lokho, futhi ukuthi kuyiqiniso. Anginasizathu, Nkosi, ukungabatsheli lutho ngaphandle kwalokho okulungile. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi namhlanje...kwangathi inhliziyoyi yami izizwele ukubona bonke laba bafowethu nodadewethu abangamaKristu lapha, abangabafowethu nodadewethu ezibophweni zikaKristu, bathokoze kanye nami, ngokubonga, ngomngani wami omncane [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] wasinda. [Akuqoshwanga eteyipini.] ..umhlaba udumisa uNkulunkulu. Imvelo mayidumise uNkulunkulu! Makuthi konke lokho okunomphfumulo, kudumise uNkulunkulu futhi kubonge ngalesi sikhathi esikhulu esinaso.

¹⁶² Baba waseZulwini othandekayo, lapho ngiyabona kukhona umfana omncane ohlezi lapha esihlalweni esinamasondo. Kukhona abanye phakathi lapha abagulayo nabaswele. Futhi njengoba nje UnguNkulunkulu wensindiso yemiphefumulo yethu, UnguNkulunkulu ophulukisa zonke izifo zethu nezinsizi zethu. Futhi Usenguye...ngalobu bufakazi, obubodwa noma obubili, uma bubalelwa ezinkulungwaneni, ukuthi inceku yaKho ethobekile ibone Wena wenza futhi wenza, ngale kwesisihla kukho, noma kuphi. Futhi siyazi ukuthi UsenguJehova-Jira, futhi Usuvele uhlinzeke ngoMhlatshelo wokuphulukiswa. Yena kanye uNkulunkulu osuse leso simila saphuma ohlangothini lomkami, UsenguNkulunkulu kakhulu ofanayo nje khona lapha eShreveport njengoba Unjalo eTucson; futhi nokho bengingamakhilomitha, amakhilomitha ayizinkulungwane ezintathu namakhulu amabili neshumi nesishiyagalolunye ukusuka kuye ngesikhathi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uBukhona baKho obungcwele buzogcwalisa leli tabernakele namhlanje, ngaMandla okuphulukisa, azophulukisa wonke umuntu ogulayo

olapha, ukuthi lezi zibusiso zokubonga zingaqhubeka ukukhala, emuva naphambili, ezweni lonke, Nkosi, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Nkulunkulu waPhakade.

¹⁶³ Manje njengani nina bantu enihleli lapha, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi nikhuleke. Xhumanani ndawonye ngobunye bokholo eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi nikhumbule ukuthi ngamunye wenu ninenhlanhla. UNkulunkulu uzongehlulela, noma ngabe nginitshela iqiniso noma qha. Kwake kwehluleka yini, ngake nganitshela noma yini ngaphandle kwalokho okwenzekile na?

¹⁶⁴ Njengoba uSamuweli asho ngalesosikhathi, njengalapho babezokwenza i—inkosi, uSawulu. Wathi, “Ngake nganitshela noma yini eGameni Nkosi, kodwa okwenzekayo na? Ngake nganxiba kini imali yenu, ngokudla kwami na?” “Qhabo, Samuweli, kodwa sisafuna inkosi. Sisafuna inkosi yethu yasemhlabeni.” Futhi uSamuweli wazi ukuthi uNkulunkulu wayeyiNkosi yabo.

¹⁶⁵ Ngiyanitshela, kulokhukusa, bahlobo, nginilethela ukuba niqophe, nake nabona isipho sikaNkulunkulu sehluleka kanye, esifunde ngaso kulokhukusa na? Qhabo, mnumzane. NguJesu Kristu, angeke kwehluleke. Isayensi ikufakazisile. Ibandla liyakwazi. Futhi Ulapha khona manje, khona ngqo ngalomzuzu. Ulapha. Futhi ukuphela kwento ekuntulayo ngukuba ukholo lwakho lucoshe leloZwi futhi luLigcobe kuwe uqobo, futhi Uzokuphulukisa.

¹⁶⁶ Futhi nezandla zenu ziphezu komunye nomunye, khalani kuNkulunkulu, ngayo yonke inhliziyo yenu, bese nithi, “Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Wena Ongamisa isiphapho, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, Wakwenza futhi Uyakwenza futhi khona manje. Futhi Umisa ukugula kwami. Uyangisindisa. Futhi ngiyabonga enhliziyweni yami ngaWe, uNkulunkulu uSomandla.”



UBUFAKAZI ZUL63-1128M
(Testimony)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine ekuseni, ngoNovemba 28, ngo 1963, eLife Tabernakele eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2020 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org